

ICALA



Baba wethu oseZulwini, siyaKubonga ngenhlanhla esinayo yokubuthana phansi kwaloluphahla kulentambama, futhi, ukuzozwa iZwi likaNkulunkulu, nokubona inkazimulo yeNkosi uJesu Kristu. Singaphansi kwamathemba amakhulu, Baba. Futhi sikhulekela ukuthi uzosemukela kulentambama, futhi uhloniphe imizamo yethu esiyenzile ukuza sizoKukhonza. Busisa wonke umphefumulo olapha. Siyaqonda ukuthi izinto ezinhle yilezo okul'khuni ukuzithola. Ngakho siyakhuleka, ukuthi ngenxa yokuzinikela kwabo, akekho ozoshiywa ngaphandle kepha ozophiliswa kulentambama. Sindisisa abalahlekileyo futhi uthole inkazimulo kuWe uqobo. Sicela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Ningahlala phansi.

² Uphahla lwethu lukathayela luthi ukwenza kubel'khuni kini ukuba nizwe. Sizothatha esincanyana nje isikhathi, ukuba sikhulume kini. Sizobe ke sesiqhubeka ngqo nomugqa womkhuleko, ngoba yilokho esikukhethele lentambama, bekungukukhulekela abagulayo.

³ Futhi manje ngifuna ukusho lokhu. Angazi ukuthi ngake ngakujabulela nini ukuba neqembu labantu kakhulu kunoma nginaleliqembu lapha. Benikahle ngempela. Bengitshela uMfowethu Johnson, esikhashaneni esedlule, ukuthi angazi ukuthi ngake ngawujabulela nini umhlangano kunoma yibuphi ubungcono. Umoya omnandi kangaka phakathi kwenu bantu, nenkolelo, ukukholwa. Ngithanda ukuhlala lapha cishe inyanga, ukuze ngempela sazane omunye nomunye. Ngokuvamile, cishe ngesikhathi senazana, khona-ke sekuyisikhathi sokuba nithi “uhambe kahle” bese uya ndawondawo.

⁴ Angazi ukuthi leliphoyisa elincane lingubani phandle lapha, lime phandle lapho kuyoyonke leyomvula, lingafake sigqoko, lizama ukuqondisa lesosiminyamina sezimoto. Uma noma ubani elazi, ngibongeleni lona siqu senu, nizokwenza na? Ngiyanitshela, lenze umsebenzi omuhle ngempela.

⁵ Ngifuna ukubonga indoda engena lapha futhi yahlanza lendawo, futhi yayilungiselela lokhu, ukuze lomhlangano ukwazi ukuba lapha namhlanje. Ngiyanitshela, umphakathi ukweleta amakhulu amazwi okubonga kubantu balesosibindi, ozokwenza lokho. Nginikweleta amakhulu amazwi okubonga, ngabantu abayophuma ngosuku olunjengalolu. Abantu abaningi kakhulu bebeyohlala ekhaya. Ngi-ngiyasithokozela isibindi senu. Nani nimi lapha phakathi kwabo bonke kulobubunzima, nihlezi phansi kwaloluphahla, kungal'khuni ukuzwa ukuthi kwenzekani, kodwa nokho nizimisele ukuhlala noma kanjani.

Lokho ngukuthi, leso yisibindi. Ngi—ngiyakuthanda lokho. Njalo ngicabanga ngaleloculo:

Ngifanele ngithwalwe ngiyiswe ekhaya
eZulwini
Ngombhede onezimbali wentokomalo yini,
Kanti abanye balwa ukuba bazuze umklomelo,
Futhi bagwedla badabula izilwandle ezinegazi
na? (Ya, ubunzima!)

⁶ Ngashumayela, ngesinye isikhathi kungekudala, eNingizimu Afrika, lapho elalina khona kakhulu impela ngesikhathi sesiphapho esiletha imvula empumalanga njalo ngezikhathi ezithile, kwaze kwathi abesifazane, behlezi nje ndawo zonke nezinwele zabo zehla zenza imishwe, kade behlezi lapho usuku lonke kuleyomvula. Angikaze ngiubone umhlangano onje wokuphiliswa empilweni yami!

⁷ EMexico, kungekudala, ngiyakhumbula ngimi ezansi lapho ngishumayela, ngenkathi lalikade lina kanje, phandle kuleyonkundla yenkunzi lapho, usuku lonke. Nalabobantu wayelapho ngelesishiyagalonye nqo ngalokho kusa, behlezi emvuleni. Nowesifazane enengane efile ezingalweni zakhe. Ingane yayife ebusuku bangayizolo, naleyongane encane ilele isigongobele, ezingalweni zakhe. Umfo wayekade enikeze amakhadi omkhuleko, futhi esewanikeze onke. Ayengasekho amakhadi omkhuleko. Bangehlisa ngentambo, emuva ngemva kwenkundla, ukuba ngingene enkundleni enje ngale. NoBilly uza kimi egijima. Wathi, “Babayi, angazi ukuthi ngizokwenzenjani.” Wathi, “Nginabangenisi abangamakhulu amathathu bemi lapho.”

⁸ Futhi bangaki omaziyo uJack Moore na? Cishe impela nonke niyamazi uJack Moore, lapha, ngiqagele. Wayenami.

⁹ “Futhi kunowesifazane omncane phandle lapho,” wathi, “onengane efile, ife kulokhu kusa.” Lokho kwakuthi akube elesishiyagalolonye nqo ngalobobusuku. Yafa ngalokho kusa eofisi likadokotela. Wayesethi, “Ufuna leyongane efile ukuba ilethwe emgqeni.” Wathi, “Angisenawo amakhadi, futhi umugqa sengiwmisile.” Wathi, “Angazi.” Futhi liyayidliva imvula kakhulu impela; bemi kuyo nje lapho, imvula ebandayo. Ngabuka phandle lapho, nalabo besifazane abancane baseMexico, izinwele zabo zilenga, benethiwe nje, bemanzi, phansi kwalezozibani. Futhi wawungeke ubone kanzima phandle, ngale, lina kakhulu impela. Awu, ngathi. . . “Awu,” wathi, “akabambeki,” wathi, “sina—sinabangenisi abangamakhulu amathathu.” Wathi, “Ukhwela phezulu ngqo phezu kwabo, futhi unalengane efile.”

¹⁰ Ngathi, “Awu, Mfowethu Moore, awehli ngani bese umkhulekela na?” Futhi ngangikade ngishumayela cishe imizuzu eyishumi, ngiqagele, into ethize. Ngase ngithi, “Awuyi

ngani ukuyomkhule kela,” ngathi, “ngoba akazukungazi ukuthi ngingubani, kumbe namuntu; kwakukade kunezikhulumi eziningana.” Ngathi, “Akanzazi ukuthi ngingubani. Hamba ukhulekele ingane nalokho kuzomenelisa.”

¹¹ Wathi, “Kulungile, Mfowethu Branham.” Waqala ukusuka emsamo.

¹² Futhi kwakukhona inqwaba yezingubo ezindala zokugqoka, ziphakeme *kangako*, kusuka le cishe, o, mhlawumbe amashumi amabili noma amayadi angamashumi amathathu. Impumputhe yayemukele ukubona kwayo, ubusuku bangayizolo, futhi ngakho babethatheke ngempela. Amaphesente angashumi ayisishiyagalolunye eKatolika.

¹³ Ngakho manje-ke ngaqala ukushumayela. Ngathi, “Njengoba bengisho, ukukholwa kuyi sub- . . .”

¹⁴ Ngabuka, kumi phambi kwami, futhi kwakukhona ingane encane yaseMexico; ubuso obuncane obumnyama, izinsini ezincane, kungekho mazinyo, nje zikhanya, izinsini ezincane kanjalo. Ngase ngicabanga, “Leyo kufanele kube yileyongane.” Ngathi, “Awume kancane, Mfowethu Moore. Tshela inenekazi elincane ukuba lilethe ingane lapha.”

¹⁵ Ngakho bavula gengelezi, igumbi; kungekho—kungekho khadi lomkhuleko. Wayengafanele ngempela ukungena, kodwa wayephikelele. Yilokho—yilokho okufunayo. Ngakho wayekhuphule ingane.

¹⁶ Ngathi, “Baba waseZulwini!” Kusobala, abawuhumushi umkhuleko. Ngathi, “Angazi noma ngabe yile ingane, noma qha. Ngibone ingane encane nje. Kodwa uma kuyiyo, kuyinhlonipho yaKho kulowo wesifazane enza lokhu kuzinikela.” Ngabeka izandla zami ngaphezulu kuleyongubo encane el’hlaza sibhakabhaka, nalohlaka oluncane olugongobele oluthi alube lude *kangako*, lulenga luphuma ezingalweni zowesifazane.

¹⁷ Nengane yasho yadazuluka futhi iqala ukukhahlela, ingaphezulu layo. . . idazuluka nje kakhulu impela ngakho konke. Ingane yayi. . . Manje inenekazi elincane lawa phansi lase liqala ukumpompoloza, “Padre!” *Padre* kusho ukuthi “baba,” niyazi. Wayenobuhlalo esandleni sakhe.

Ngathi, “Lokho akudingekile.”

¹⁸ Futhi ngathi kuMfowethu Espinoza, umshumayeli wamaPentecostal. Abaningi, ngiqagele, ngiqagele niyamazi. Ya, uMfowethu Espinoza. Ngathi, “Manje ungabhali, ‘leyongane ibifile.’ Angazi. Into kuphela engiyibonile bekuyileyo lapho, lowombono.” Ngathi, “Landela i—isigijimi emva kwalowo wesifazane, futhi umdedele ahambe futhi usayinise udokotela isitatimende kukho.”

¹⁹ NeChristian Business Men’s *Voice* maduze nje yayiqukethe isitatimende, “Udokotela unikeza ubufakazi, ‘ingane ife

ngenyumoniya ephindwe kabili,' eofisi lakhe ngalokho kusa, 'imizuzu eyishumi nanhlanu nce kushaye elesishiyagalolunye nqo.'" Futhi lokho kwakungeleshumi nqo ngalobobusuku, iNkosi uJesu ibuyisa ukuphila kwayo futhi, ngenxa yokuzinikela. Manje, lokho kuyiqiniso impela! UNkulunkulu eZulwini uyazi ukuthi lokho kunjalo. Isitatimende sikadokotela esiqinisekisiwe! Isitatimende manje sisezandleni zeChristian Business Men, uDemos Shakarian angu nat-...ngumqondisi wamazwe ngamazwe. Unaso isitatimende sisayinwe ngudokotela, "Ingane yafa inenyumoniya ephindwe kabili, ngalokho kusa." Futhi ngeleshumi nqo ngalobobusuku ingane yaphiliswa, ngenxa yokukholwa kukamama owayephikelele ukukwenza. Lokho kunjalo.

²⁰ Kufana nje njengowesifazane omncane waseShunemi wayephikelele ukufinyelela kuElija!

²¹ Kufana nje njengowesifazane ongumSerofenike ongumGrecki wayephikelele ukufinyelela kuJesu. Wayazi ukuthi wayenendodakazi enesithuthwane. Nakuba, wayengesilo ngisho iJuda. Imvuselelo yayingesiyo eyabantu bakubo. Kwase kuthi-ke Efika, wafinyelela kuYe, Wathi, "Akukuhle kimi ukuthatha isinkwa sabantwana futhi ngisinikele ezinjaneni." Wambiza ngenja.

²² Washo. "Iqiniso lelo, Nkosi." Niyabo ukuthi ukukholwa kwangempela kuyolifakazela kanjani iZwi ukuthi liyiQiniso! "Qiniso, Nkosi, kodwa izinja ziyathanda ukudla imvuthuluka phansi kwetafula lomninizo."

²³ Wathi, "Ngalelizwi, umntanakho usephilisiwe." Futhi wakuthola ngendlela efanayo, ngoba wayephikelele.

²⁴ Ngiyabonga, kakhulu impela, bangani. INkosi ibusise ngamunye, abashayi bezinsimbi, uDadewethu Ungren lapha, nabobonke abangani bami. Ngibona lapha abanengi babangani bami ungenele lomhlangano. Ngibone, namhlanje, uMfowethu noDadewethu Evans. Angazi noma angahle angizwe ngisho, noma qha. Bangabavela ngale eMacon, eGeorgia. UDadewethu Ungren lapha na—nabobonke bangabaphezulu eMemphis, eTennessee. NoMfowethu Palmer noDadewethu Palmer, nabangani babo. NoMfowethu Parnell, umngani wami ongumfundisi lapho. Ngibabona nje behlezi macala onke lapha manje, babangani, abangani abaqondene nimala. UMFowethu J.T. lapha, ovela—ovela eGeorgia, futhi, umngani wakhe. Futhi sibonga ngempela ukuba nani nonke lapha, nokukholwa kwenu nokuba nethemba. Abanye balabobantu bashayela bayothi ngqu eJeffersonville, eIndiana, njalo ngeSonto ngishumayela enhla lapho, nje bayenyuka ukuzozwa. Manje-ke ngiyanitshela, lokho, izwe alibafanele abantu abanjalo, ngowami umbono. Lowo yimina okucabangayo. Ninabantu lapha, singubunye obubodwa obukhulu bukaKristu. SiyaMkholwa.

²⁵ Futhi manje bekungeke kwaba ngumhlangano ngaphandle uma ngithathe imizuzu embalwa ukufunda iZwi bese ngedlulisa ukuphawula okumbalwa. Isizathu, uma nithembeke ngokwenele ukuba nihlale lapha kangako, ngifuna ukwethembeka ngokwenele kulokho, ukufunda umBhalo bese nje ngedlulisa ukuphawula noma okubili, bese-ke sizozala umugqa womkhuleko.

²⁶ Manje ngizofunda namhlanje emBhalweni, kuMarku isahluko 16, okwemizuzwana embalwa nje, ukudonsa kulengqikithi. Ngizozala evesini 14.

Futhi emva kokuba esebasolile, *kwabayishumi nanye...wabonakala kwabayishumi nanye be...hlezi ekudleni, wabasola ngokungakholwa kwabo nangobulokhuni benhliziyo, ngokuba bengakholwanga yilabo abambonileyo esevukile.*

...wathi kubo, Hambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo.

²⁷ Manje khumbulani, “Izwe lonke, leliVangeli, kukho konke okudaliweyo.” Abanye uthi Lanqamuka nabaphostoli. Washo lapha, lokho, ukuthuma kwaKhe kokugcina eBandleni, kwakungukuthi, “Izwe lonke, kukho konke okudaliweyo. Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Kuphi na? “Izwe lonke, kukho konke okudaliweyo.” Qaphelani, yilapho Ekunikezela khona eBandleni; ngikhombiseni lapho Akususa khona. The-e. “Izwe lonke!”

Okholwayo...uyakusindiswa;...ongakholwayo uyakulahlwa.

Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; Ngegama lami bayakukhipha amademoni; bakhulume ngezilimi ezintsha;

Baphathe izinyoka;...uma bephuza okubulalayo, akusoze kwaba nangozi, kwaba limaza; bayakubeka izandla zabo phezu kwabagulayo, basinde.

Ngakho...iNkosi isikhulumile kubo, yakhushulelwa ezulwini, yahlala ngakwesokunene sikaNkulunkulu.

Kepha bona bephuma,...bashumayela ezindaweni zonke, iNkosi isebenza nabo,...iqinisa izwi ngezibonakaliso ezilandelayo. Amen.

²⁸ Manje, ngiyawukholwa lowomBhalo ukuthi uQinisile.

²⁹ Ngaphambi kokuba ngikukhohlwe, indodana yami ingitshelile esikhashaneni esedule, elinye inenekazi elincane, nomyeni walo ovela Arkansas, bangibhakele ikhekhe losuku lokuzalwa futhi bangipha lona. Abaningi benu unginike amakhadi nezinto. Angibanga ngisho nesikhathi sokufinyelela kukho namanje. Ngiyabonga, kakhulu impela. UNkulunkulu anibusise. Futhi ngiyethemba nine...sonke sichitha usuku

lokuzalwa lwaPhakade ngaleywa, lapho esiyohlala khona phansi, futhi ngifuna i—ngifuna iminyaka eyizinkulungwane eziyishumi ngamunye wenu, futhi nje sihlale phansi futhi sixoxe. Futhi asiyikuba nesikhathi esingaphansi, ukuba sixoxe, kunoma senza ngenkathi siqala. Lelo yiQiniso. Manje ngiyabonga ngakho konke enikwenzile.

³⁰ Manje cishe nje okwemizuzu eyishumi, noma ishumi nanhlanu kakhulu impela, mhlawumbe, uma iNkosi ithanda, ukwedlulisa nje ukuphawula okumbalwa.

³¹ Ngifuna ukusho lokhu, ukuthi ngethemba ukuthi umuzwa wami, uholela ukuza; nina belusi nizwa niholeleka ukuba ningixhase ngize, lokho kunginika umnyango ovulekile; nina bantu nethembeka ukuba niphume; noJesu akehlulekanga kodwa ukuthi Ubonakele kithi isikhathi ngasinye, esibonakalisweni sehora esiphila kulo. Futhi ngithemba ukuthi ukuvuka kwaKhe, okungunaphakade, uBukhona obuPhakade, noBukhona baKhe, bunithonyile ukuba niMthande futhi niMkhonze kakhulu ukwedlula enake nakwenza kuyoyonke impilo yenu, ukuba nihlose enhliziyweni yenu ukuba niphile ngokweqiniso kuYe, futhi niphile ngokusondela kakhulu, kangcono.

³² Ngake ngezwa indaba engaxoxelwa yona, mayelana ngenkathi babenezigqila lapha eNingizimu.

³³ Babevamise ukuzithengisa ezimakethe, kanjalonjalo, njengoba benza ngenkathi ngesikhathi sezigqila. Wona, amaBhunu, azingenisa, phandle lapha esiQhingini saseJamaica. Kwase kuthi-ke abantu ngapha, babezishushumbisa bazingenise. Futhi bazithengela ukuba izigqila, okwakusemthethweni ngalezozinsuku. Futhi babedlula futhi bazithenge, futhi babethola ezinhle izigqila ezizimukile, ngani, babe... Babezalanisa leso sigqila esikhulu esizimukile nowesifazane ozimukile; lokho kwakuzokwenza indoda engcono. Yingalesosizathu zingompetha bomhlaba namhlanje, ezintweni, ekulweni kwazo. Zaba nje nokuzalaniswa, njengezinkomo, kanjalonjalo.

³⁴ Kodwa manje-ke sithola umthengi, ngesinye isikhathi, othenga athengisele abanye wafika ukuzothenga ehlathini lokutshala lapho ababethi ababe nezigqila eziyikhulu.

³⁵ Nalezozigqila, zazi, zazidabukile. Babezibhaxabula, ukuzenza zisebenze, ngoba zazikude nekhaya. Zashushumbiswa, zathunjwa, zangena ekuthunjweni futhi sashushumbiswa. Futhi babedingeka bazibhaxabule, ukuzeza zisebenze, ngoba zazitheneke amandla; zikude nekhaya. Azisophinde zimbone uziba nomama. Azisoze zambona umkazo noma abantwana. Kwakuwudaba oludabukisayo.

³⁶ Nalo othenga athengisele abanye, ngolunye usuku, ufika ngasehlathini elitshalwayo, wathi, “Unezigqila ezingaki na?”

Wathi, “Cishe ikhulu.” Wathi, “Ake uzibhekabheke.”

³⁷ Wayesephumela lapho, wayeseziqaphela, ukuthi zonke zazikanjani. . . Kodwa umfo osemncane oyedwa, babengadingi ukuba bambhaxabule. Isifuba sakhe wayesiqhunsulile. Isilevu sakhe sasibheke phezulu, eqonde ngqo kuze kuyofika ekugcineni. Futhi ngakho othenga athengisele abanye, umthengi, wathi kumninizo, wathi, “Awusho, ngithanda ukuthenga leso sigqila.”

Wathi, “O, qhabo. Asithengisi.”

³⁸ Wathi, “Awu,” wathi, “ngabe leso sigqila, ngabe singubasi phezu kwazonke ezinye na?”

Wathi, “Qhabo, qhabo, asisuye ubasi.”

Wathi, “Usondla ngokwehlukile na?”

³⁹ Wathi, “Qhabo. Zonke zidla phandle lapho ekamelweni lokuphakela elisemkhunjini, ndawonye. Siyisigqila nje.”

Wathi, “Yini eseza sehluke kakhulu kangaka kwezinye na?”

⁴⁰ Wathi, “Ngamangala isikhathi eside, nami uqobo, ukuthi yini eyayisenza sehluke. Kodwa ngolunye usuku ngathola. Ngale ekhaya lendabuko, lapho zivela khona, eAfrika, uyise uyinkosi yesizwana. Futhi nokho, ngokuba ngowezizwe, siyazi ukuthi siyindodana yenkosi, futhi siziphathisa okwayo.”

⁴¹ O, lokho bekufanele ukwenzani kithi! Nakuba senziwe abezizwe, nakuba sisemhlabeni omnyama wokungakholwa, nosizi nokugula nokufa, nokho asiziphathise okwamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Singamadodana namadodakazi eNkosi. Bekufanele kushintshe isimo sethu sokuziphatha, yonke into. Akunandaba ukuthi wonke umhlaba uyini, sifanele sibambe amalungelo kaNkulunkulu. Siyakhumbula ukuthi leli akusilo ikhaya lethu. Asisibo abalelizwe. Asisibo abalomhlaba. Sizalwa nguMoya kaNkulunkulu, ongaPhezulu.

⁴² Ngihamba, umkami, lapha kungekudala, siya esitolo segrosa. Ngibone into exakile ngesikhathi sasehlobo, eIndiana, owesifazane wayegqoke ingubo. Abasazigqoki nhlobo, niyazi. Futhi ngakho umkami wathi. . . Ngathi, “Awu, buka lapho. Angazi noma ngabe owesifazane ungumKristu na?”

⁴³ Bathi, “Awu, bonke lababesifazane; ngazi abanye babo lapha, bacula emakwayeni emabandleni.” Wathi, “Kungani kunjalo, Bill, ukuthi benza lokho na?” Ngathi, kusobala. . . “Na—nabantu bakithi abakwenzi lokho.”

Ngathi, “Kusobala. Singabesizwe esihlukile.”

Wathi, “SingamaMelika, asisiwo na?”

⁴⁴ Ngathi, “O, qhabo. Sikhempile nje lapha. Asisiwo amaMelika.” Ngathi, “Uyabo, singabaPhezulu.”

45 UMoya oNgcwele wehla, wahlanganisa izinhliziyi zethu noNkulunkulu, futhi sazisho, njengoAbrahama, “Siyizihambi nabafokazi.” Leli akusilo ikhaya lethu. “Sifuna umuzi Omakhi nomenzi wawo uNkulunkulu,” ovela Phezulu. Yebo, singamadodana namadodakazi eNkosi.

46 Manje ngizoletha into encane ezwakala ixakile, okwemizuzu embalwa nje, kodwa ngizoba nokuthethwa kwecala, ukuthethwa kwecala lasenkantolo lapha.

47 Niyangizwa na? Ningizwa kuze kufikephi emuva, phakamisani izandla zenu. Awu, kuhle. Emuva *ngapha*, niyangizwa na? Kuhle. Ngikhuluma kakhulu impela, cishe impela nje, ngakho konke engingakwenza.

48 Ngizoba nokuthethwa kwecala lasenkantolo, necala, lingukuthi, “IZwi likaNkulunkulu, elithenjisiwe, libhekene nezwe.” Manje sizolihlela njengecala lasenkantolo, kancanyana nje, ngaphambi kokuba nize ngalomugqa womkhuleko. “IZwi likaNkulunkulu libhekene nezwe,” manje icala.

49 Imbangela yalokhu kubekwa icala ngukwepulwa kwesithembiso, leso se, “Zithembiso zikaNkulunkulu,” bazisho ukuthi, “uNkulunkulu akasigcinanga isethembiso saKhe.”

50 Ummeli oshushisayo kulelicala nguSathane, futhi ungufakazi wezwe, ngoba ungowezwe.

Ummangalelwa kulelicala uNkulunkulu uSomandla.

Ufakazi ovikelayo walelicala nguMoya oNgcwele.

Sizobabizela ekuthethweni kwecala, imizuzu embalwa nje.

51 Ofakazi bomshushisi, abavezayo ukuvikela icala lakhe, nguMnu. Ang’kholwa, uMnu. Mnqikazi, noMnu. Angibekezeli.

52 Sizobanika ukuthethwa kwecala. Inkantolo ibizwa ukuba ime ngomumo manje. Umshushisi ubiza ufakazi wakhe, uMnu. Ang’kholwa. Ungena ebhokisini, kuqala.

53 Nisangizwa na? Thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile. Kuhle. Manje ngizizwa ngithe ukukhululeka kakhudlwana.

54 Manje, niyaqonda, yicala elimelene noNkulunkulu, ukuthi uMnu. Ang’kholwa noMnu. Mnqikazi noMnu. Angibekezeli ubizela uNkulunkulu e—ekuthethweni kwecala, “ngoba Akaligcini iZwi laKhe,” basho njalo. Kulungile.

55 Ummeli oshushisayo kulelicala, uhlala njalo emele umbuso, ngakho ummeli oshushisayo kulombuso nguSathane qobo lwakhe. Futhi u . . .

Sibiza ukuthethwa kwecala.

56 Kulungile, babiza owokuqala ukuba aye ebhokisini lofakazi, lowo nguMnu. Ang’kholwa. Ukhononda ngalokhu, ukuthi, “Lonke eleZwi likaNkulunkulu elithenjisiwe alisilo iqiniso.”

⁵⁷ Manje Uzoquliswa ngalokhu. Lalelisisani manje. Ningakugeji.

⁵⁸ Uzisho ukuthi uMarku 16, engisanda kumfunda nje, wakhonziswa khona emhlanganweni othiwa ngokaMoya oNgcwele lapho abanye bazisho ukuthi bathola ukuphiliswa. Nalokho wakhonziswa khona, eminyakeni emibili edlule, futhi akukho-mehluko kuye namanje, ukuthi, “Lezizi ‘bonakaliso’ asilandeli ikholwa.” Wathi wenza ukusho kwakhe ngokumelana naWo. Kulungile, uhlala phansi.

⁵⁹ Sibiza ufakazi olandelayo. Lowo nguMnu. Mnqikazi. Uthatha umBhalo weZwi likaNkulunkulu, kaJakobe 5:14. Futhi uthi wayesendaweni lapho abasho khona ukuthi amalunga amadala labizwa, futhi wagcotshwa ngamafutha futhi wakhulekelwa. Futhi lokho kwasekungaphezu kwenyanga edlule, futhi akukaze kubenashintsho kuye nokho, ngakho uyazi ukuthi lokho yiphutha. Ubiza uNkulunkulu, futhi ubeka uNkulunkulu icala, ngakho.

⁶⁰ Ufakazi olandelayo nguMnu. Angibekezeli. Ungumfo omubi. Kulungile. UMnu. Angibekezeli, uzisho ukuthi wafunda eZwini likaNkulunkulu, kuMarku 11:22 nelama 23, ukuthi ngenkathi uma ukhulekile, uma ukukholiwe lokho okukhulekelile, uyemukela, uyakuba nakho okucelile. Futhi uthe wacela ukubeka phansi izinduku zakhe zokuqhugela, emva kokuba esefunde iZwi futhi wacela uNkulunkulu ukuba amphilise. Futhi wacela ukubeka phansi izinduku zakhe zokuqhugela, futhi lokho kuseminyakeni emihlanu edlule, futhi akakaze akwazi ukuzibeka phansi selokhu.

⁶¹ Ngakho ba-ngakho bazisho ukuthi, “UNkulunkulu akalungisisiwe ekubekeni izithembiso eziwubudedengu kanje eZwini laKhe.” Manje niyaliqonda icala manje elimelene noNkulunkulu na? “Akalungisisiwe ekwenzeni lokho, ukubeka imiBhalo enje njengoMarku 11:23, 22 nelama 23, noMarku 16, uJakobe 5:14, nezithembiso ezinjalo.” Babeka uNkulunkulu icala ngokwephula isithembiso, ukuthi, “Wepfulile isithembiso saKhe, futhi akakwazi ukuma ngakuLo.” Futhi baMbeka icala ngokubeka okunje eZwini laKhe, ngokuba, “Abantwana baKhe abakholwayo abakhonjwa ngokuzisho, futhi kubabangela ukuba bahlushwe, ngoba abanjalo. UNkulunkulu akalikhombi iZwi laKhe emva kokuba Enze isithembiso.”

⁶² O, sinecala ngempela lapha manje. Ngiyababuka, ukuthi bangafakaza kanjani! Nokho, ukuzwa ofakazi besukuma futhi bethi, “Nokho, singamakholwa!” Bazisho ukuthi bangamakholwa, qobo lwabo. “Futhi uthe, ‘Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.’ ‘Umkhuleko wokukholwa uyomsindisa okholwayo.’ ‘Uma uthi kulentaba, “nqukuleka” futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kuyokwenzeka.’ Futhi singamakholwa.” Futhi, nokho, futhi omunye uyasukuma futhi

wathi, “Nokho, Yena, lowo uNkulunkulu, ethembisile zonke izinto ziyenzeka kwabakholwayo.” Ukubeka icala okunje pho ngokumelana noNkulunkulu neZwi laKhe!

⁶³ “Nokho, futhi, Uzisho ukuthi uyaphila emva kokuba Wabethelwa. Futhi uzisho ukuthi umbhalo waKhe kumaHeberu 13:8, ukuthi Usenguye impela nje uNkulunkulu kakhulu namhlanje njengoba Wayenjalo izolo, futhi uyoba njalo kuze kubephakade.” Cabangani nje ngoNkulunkulu ofanayo! Futhi baMbeka cala ngalokho, ngoba, “Akunjalo,” ngeke bakwenza kwenze ngokuyikho. Kulungile.

⁶⁴ “Futhi, ukuthi Uyazisho,” lona ngumkhonondi manje, “Uzisho ukuthi kokubili izulu nomhlaba kohluleka, kodwa iZwi laKhe alisoze lehluleka.” Lokho kufanele kube ngamakholwa exoxa. Manje, ukumangalelwa okunje pho! Ukukhononda okunje esinakho kumelene noNkulunkulu, ukuthi, “Wenze lezizitatimende, futhi akamkhulu ngokwenele ukuba ame emva kwaLo.” Nicabangani ngalokho na?

⁶⁵ NoSathane umshushisi ehlezi lapho, emele izwe, ukuba asho lezi, ukwepulwa kwesithembiso kuNkulunkulu, ngoba, “Lababantu ufikile, ubekulemihlangano, futhi—futhi wemukela lezizinto uNkulunkulu azisho, kwakulungile, futhi nokho bekungekho lutho olwenzeka kubo.”

⁶⁶ Manje, manje akesidedele ofakazi abangabakamshushisi behle okomzuzwana nje, niyazi. Banolunye uhlangothi.

⁶⁷ Manje sizobiza ufakazi ovikelayo. Ufakazi ovikelayo kammangalelwa, lowo nguNkulunkulu. Ufakazi ovikelayo kaNkulunkulu nguMoya oNgcwele. Mletheni ebhokisini. Ake sizwe ubufakazi baKhe.

⁶⁸ He! Kuqala, Unakisa ukuhunyushwa ngokungesikho komshushisi kweZwi kubantu. “Kunjalo, ngokuba ungumhumushi ofanayo uEva ayenaye. Ungumhumushi ofanayo uEva ayenaye. ‘O, nempela, *Leli* noma . . . *Leli* lilungile, kodwa *Lelo* alinjalo.’ Niyabo, umhumushi ofanayo, umshushisi unguye, ngoba ungudeveli. Ofanayo owa . . .”

⁶⁹ UNkulunkulu waqinisa abantwana baKhe emva kweZwi laKhe. Futhi ngaso impela isikhathi sokuqala usuka emva kwaLo, uyisikhungo kudeveli. Kodwa angeke akuthole inqobo nje uma uqinise ngeZwi.

⁷⁰ “Manje isithembiso si . . .” Washo futhi, “Ngifuna ninake.” Uthi . . . Manje lona ngufakazi ovikelayo, uMoya oNgcwele. Wathi, “Isithembiso sikwabakholwayo kuphela, hhayi abazenzisi nabanqikazi nabangakholwa. Isithembiso sikwabakholwayo kuphela, hhayi kwabanye.” Manje, lona ngu—lona ngufakazi ovikelayo. Nofakazi ovikelayo ufanele azi, ngoba Nguye oluphilisayo kubo. Uyazi ukuthi liqinisele noma qha.

⁷¹ Ufuna kunakwe futhi lapha, engumphilisi weZwi, Uthi akunakwe futhi, ukuthi, “IZwi liyimbewu. Futhi uma imbewu iwela kolungile, umhlabathi ovundileyo, iyoveza khona impela athi uNkulunkulu iyokuveza. Kodwa ayiweli ezinhlobweni ezifanele zomhlabathi, ngakho ayikho inhlabathi enele, ukukholwa okwenele, ukwenza imbewu ikhule.” Ngiyacabanga, njengaLowo Ophilisa imbewu, Ubefanele azi. Anicabangi kanjalo na? Bangaki abakukholwayo lokho, thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ufanele abe nguYe Owaziyo. Ungufakazi ovikelayo wangempela. Kulungile.

⁷² Ovikelayo, efakaza manje, uzobiza ufakazi waKhe wokuqala. Manje, niyabo, umshushisi ubize ufakazi wakhe, uMnu. Ang’kholwa, uMnu. Mnqikazi, noMnu. Angibekezele. Manje ufakazi ovikelayo unelungelo ubiza oyedwa kofakazi baKhe. UMoya oNgcwele unelungelo lokukubiza, ngoba Ungufakazi ovikelayo weZwi likaNkulunkulu.

⁷³ Manje, lamadoda azisho ukuthi ayakholwa, kodwa uMoya oNgcwele ubungazi lutho ngakho, futhi nguYe kuphela ongaLiphilisa. Kunjengomzimba wakho nje lapha, niyabo, umzimba wakho ufile ngaphandle komoya, linjalo neZwi likaNkulunkulu lifile ngaphandle kukaMoya oNgcwele ukuLiphilisa. UMoya uphilisa umzimba, noMoya oNgcwele uphilisa iZwi. Niyakuthola na? Manje, Ubefanele azi.

⁷⁴ Manje Uzobiza ufakazi wokuqala. Akesibone ukuthi Uzobiza ubani. UNowa, Uzobiza uNowa.

⁷⁵ UNowa wathi, “Izinsuku engangiphila kuzo kwakungunyaka wesayensi,” ukhaliphe kude le kunoma benjalo ngalolusuku. “NeNkosi uNkulunkulu yangitshela ukuthi kwakuzofika imvula yehla ivela ezulwini.”

⁷⁶ Lalingakaze line, niyakhumbula, phezu komhlaba. Futhi babengathatha amathuluzi futhi bafakazise ukuthi kwakungekho mvula phezulu lapho. Khumbulani, lalingakaze line ngalezo zinsuku. UNkulunkulu wanisela umhlaba ngenkasa.

⁷⁷ Kodwa wathi, “Lizona futhi uzobhubhisa izwe. Kuzofika uzamcolo omkhulu, emhlabeni wonke jikelele, ozowusibekela futhi uwubhubhise.” Wathi, “Nokho, nginezizalo ezivela kuNkulunkulu, ukuba ngakhe umkhumbi. Ngahamba ngayosebenza kulomkhumbi, ngikhombisa ukukholwa kwami, ukuthi ngangikholwa ukuthi okushiwo uNkulunkulu kwakuyiQiniso, kungakhathaleki ukuthi isayensi yayizothini ngakho.” Ngicabanga ukuthi wenza ubufakazi obuhle, anicabangi nina na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “Futhi akunandaba ukuthi noma ubani omunye uthini ngakho, uNkulunkulu wathi lalizona; ngakho uma ingakaze ibekhona imvula phezulu lapho, Angayibeka imvula phezulu lapho.

Ngizokwakha umkhumbi, noma kanjani, ngenze ukulungiselela yona.

⁷⁸ “Nakuba, ngibe naye lowomfo, ebhokisini lofakazi lapha esikhashaneni esedlule, uMnu. Ang’kholwa, wangihleka usulu njalo. Wahlekisa ngami. Futhi ngibone uMnu. Mnqikazi; ufika ngapha futhi wangihleka. UMnu. Angibekezeli, bonke, bangihleka, ngokukholwa yisimangaliso esinjalo. Kodwa, ngalinda. Kwathi sengiqede umkhumbi, imvula ayifiki neze. Futhi ngalinda iminyaka eyikhulu namashumi amabili, ngaphambi kokuba ifike, kodwa iyafika.” Amen.

⁷⁹ “Hlala phansi, fakazi. Lobo ngubufakazi obuhle. Asibize omunye, ufakazi ongowesibili. UAbrahama, menyuseni.” Sisanda kukhuluma ngaye nje.

⁸⁰ “Futhi,” wathi, “ngezwa iZwi likaNkulunkulu, ngenkathi ngeninyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala, lingitshela enye into eyayiphambene uqobo nayo yonke imizindlo. Yayizoba isimangaliso esikhulu siphindwe kakhulu. Ukuthi, ngangizoba nomfazi, oneminyaka engamashumi ayisithupha nanhlanu ubudala, ukuba aveze indodana kimi ngenkathi eneminyaka angamashumi ayisithupha nanhlanu ubudala. Sehla sasesilungiselela yonke into, ngoba uNkulunkulu washo njalo. Sakukholwa. Ne... Ngabatshela bonke abangani bami ukuthi lezizinto yayizokwenzeka, kamuva. Lokhu kwakuzokwenzeka ngoba uNkulunkulu washo njalo. Ngalindela ngokubekezela. Inyanga yokuqala iyafika, ngabuza umkami ukuthi wayezizwa enjani. ‘Akukho ukwehluka.’ Kulungile, ngamkholwa uNkulunkulu, noma kanjani.

⁸¹ “Kwakukhona uMnu. Ang’kholwa, uMnu. Mhleki ohleka usulu, uMnu. Mnqikazi, futhi bonke bemi bezungezile. Bahleka usulu futhi bangihleka, bangibiza ngo, ‘Baba wezizwe,’ ngenkathi ngingenabantwana.

⁸² “Futhi ngaqhubeka ngikholwa nyanga zonke, nyanga zonke ukuthi kwakuyokwenzeka. Waya ngokuguga ngokuguga ngaso sonke isikhathi, kodwa ku... eminyakeni engamshumi amabili nanhlanu kamuva, uNkulunkulu waligcina iZwi laKhe liqinisile. Kwenzeka.”

⁸³ “Abrahama, lobo ngubufakazi obuhle. IZwi alizange lisho ukuthi *nini*; Wathi Uyokwenza. Wathi, ‘Ngiyakukupha umntwana, indodana, ngoSara.’ Hhayi ngenyanga ezayo; Akazange athi ngenyanga ezayo. Wathi Wayezokwenza; hhayi ukuthi *nini*. Bona, umkhuleko, ‘Bayakubeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda.’ Yilowo umqondo. ‘Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa okholwayo, futhi uNkulunkulu uyakumvusa.’ ‘Nilinde emzini waseJerusalema nize nimbathizwe aMandla, Phezulu.’ Hhayi okosuku olulodwa, amahora amabili, izinsuku eziyishumi, iminyaka eyishumi. ‘Kuze kufike aMandla!’” Ufakazi ovikelayo wangempela, lababafo

bayibo! “Akazange asho ukuthi siyobanayo nini ingane,” uAbrahama wathi, “kodwa Wathi siyobanayo. Futhi ngaso sonke isikhathi izithiyo sasikhula siphikisana nami, ngahlala angangatatazela. Ngoba, angingabazanga ekungakholweni kwabantu. Ngabambelela ngaqhubeka ngqo.”

⁸⁴ “Kuhle, Abrahama, hlala phansi. Manje asibe nomunye ufakazi, ufakazi ongowesithathu. Asikhuphule uMose, sibone ukuthi uthini.”

⁸⁵ “Manje,” wathi, “ngangingusosayensi. Ngangikade ngisehlane iminyaka engamashumi amane, emva kokwehluleka emsebenzini. Kodwa ngolunye usuku ngahlangana noNkulunkulu. NaleloPhimbo, iNsika yoMlilo emuva ehlane, yangitshela, iPhimbo langokomBhalo, ukuthi ihora lase liseduze, ukuthi Wayekuzwile ukukhala kwabantu baKhe, wasikhumbula isithembiso saKhe, futhi Wayehla ukuyobakhulula, futhi Wayethumela mina ngomsebenzi.

⁸⁶ “NgaMcela isibonakaliso. Uyanginika isibonakaliso, futhi Unginika esinye isibonakaliso; zombili izibonakaliso zazizoba nephimbo. Wathi, ‘Manje-ke uma bengayikuzikhulwa zonke lezozibonakaliso, uvele nje uthulule amanzi (avela olwandlekazi) phezu komhlabathi, futhi ayophenduka igazi.’ Yilokho ke, yilokho kuphela kwakho. UFaro waqedwa ke ngaleyonkathi, wathi, ‘uma, wena, abayikuzikhulwa lezozimangaliso, lawomaphimbo.’

⁸⁷ “Futhi, nokho, ngehla ngisemgqeni womsebenzi, njengoba nje uNkulunkulu wayengitshela ukuba ngenze. UJehova, uNGINGUYE, wangitshela ukuba ngehle futhi ngenze lesisibonakaliso. Ngase ngithatha lesisibonakaliso ngehlela phambi kukamelusi uFaro, ngase ngiyiphosa phansi induku yami. Futhi niyazi ukuthini? Wazama ukukwenza kubukeke kunethunzi, kubesengathi kwakuyiqhinga elithize lomlingo. Futhi wathola abanye abazifanisa nomunye umuntu benyama ukuba baphume futhi bakubhuqe, benza into efanayo. Kodwa ngangazi ukuthi kwakuyiZwi likaNkulunkulu, futhi ngangifike ukuba ngizothatha labobantwana ngibakhiphe lapho. Akunandaba ukuthi kwenzekeni, ngangisalokhu ngilikhulwa iZwi likaNkulunkulu, ngakho ngabambelela angangatatazela ngaLo.” Amen!

⁸⁸ Mose, ungufakazi ngempela! Akwenzi kwehluka, uzama ukukukopisha, nokuzama okuthize, ukwenze kubukeke njengakho; wabambelela akangatatazela. Kukhuphuka izanusi. “Uyabo,” uFaro wathi, “uyabo, kungelinye iqhinga elishibhile. NguBelzabule, okunye kokufunda umqondo noma okuthize. Nginendoda lapha, izanusi, zingenza into efanayo; ababhuli, ukuba bakubhuqe, noma ngabe kuyini.” Lokho akumisanga uMose. KwakuyiZwi leNkosi, ngoba kwakuyisibonakaliso sangokomBhalo sikulandela.

⁸⁹ “O, yebo,” wathi, “uMnu. Ang’kholwa, uMnu. Mnqikazi, nabobonke, bazilazila ngasemahlombe ami. Kodwa ngahlala ngaqonda ngqo naleloZwi, ngazi ukuthi kwakuwuNkulunkulu owasho iZwi. NguNkulunkulu ozolinakekela; hhayi bona. Watshela mina ukuthi ngangizothatha labobantwana ngibayise ezweni elithenjisiwe. Watshela mina ukuthi ngangizobathatha ngibakhiphe lapho, futhi ngangizobuyela kulentaba lapho okwenzeka khona. Angazi kanjani. UFaro usongela—wasongela impilo yami, nayoyonke into yenzeka, kodwa ngahlala ngethembeka esithembisweni. Ekugcineni, uNkulunkulu wasehlula ngamandla isitha, futhi ngabaletsha ngabadabulisa oLwandle oluBomvu, njengasemhlabathini owomileyo. UNkulunkulu wasigcina isithembiso saKhe, futhi ngiza ngiqonda ngqo entabeni lapho Angitshela khona ukuthi ngangizoza khona, intaba efanayo.” Niyabo, Wayekholiwe ukuthi kwakunguNkulunkulu, futhi wabambeleva akangatazela.

⁹⁰ Asilethe ufakazi ongowesine, ngenxa yokuthi sijahile. Asilethe ufakazi wesine, uJoshuwa, owangena esikhundleni sikaMose.

⁹¹ UJoshuwa wathi, “Ngehlela lapho nezinhloli. Ngathunywa. Sathunywa siyishumi nambili; oyedwa kuwo onke amahlelo.” Futhi wathi, “Sehlela lapho sasesibuka. Futhi nazi zibuya, zesaba, zase zithi, ‘Awu, sibukeka sifana nezintethe, phezulu ngakulabobafo. O, he, bakhulu kunathi! Bayindoda enamandla, konke abayikho! Sibukeka sifana nezintethe.’” Wayesethi, “EKadeshi-barineya ngabathulisa abantu, ngathi, ‘Ake nime kancane. Nibuka isiqhwaga nesiphikisana nabo. Mina ngibuka isithembiso sikaNkulunkulu. UNkulunkulu wathi, ‘Ngiyakuninika izwe.’” Amen. Ngabathulisa abantu, ngoba iZwi lakwethembisa.

⁹² “Manje-ke, usuku nosuku, bafika ngapha base bethi, ‘Liphi izwe na? Luphi ubisi noju, Joshuwa na? Wakwethembisa, nakho. Kukuphi na?’ ‘UNkulunkulu uzokunakekela.’ Futhi Wabayekela bonke labo abangakholwayo bafe. Wangigcina ngiphila, wavusa esinye isizukulwane. Eminyakeni engamashumi amane kamuva, salidla izwe. UNkulunkulu washo njalo!”

⁹³ Futhi, khumbulani, babeqhele kuphela ngohambo lwezinsuku ezimbili. Wababamba nje iminyaka engamashumi amane ngenxa yokungakholwa kwabo. Ukuphiliswa kwakho kungahle ukuba akuqhelile ngemizuzu emihlanu. Ukungakholwa kwakho kuyokuqhelisa kuwe ngangokuphila kwakho. Ufanele ukukholwe! Ungufakazi wangempela, uJoshuwa. Yebo, mnumzane. Balidla izwe, iminyaka engamashumi amane kamuva.

⁹⁴ Sinofakazi abaningi kakhulu ebesingababiza, kodwa, uma nizingixolela, ngithanda ukuba ngufakazi waKhe

olandelayo. Ngithanda ukuzenyusa ngibe ufakazi waKhe, uma kungezwakali kungokuqondene nami kakhulu. Ngingufakazi waKhe. Ngifuna ukuba ngowaKhe olandelayo, ufakazi waKhe wesihlanu.

⁹⁵ UNkulunkulu angawuthatha kanjani ugudluthukela futhi enze inhlamvu kakolo kuwo na? Isoni, esivela emndenini onesono; bonke benezibhamu, futhi bafa befake ababhuzu abo; ogweva nanoma yini okunye onakho. Ngani, ngangingahlanganise lutho nakho.

⁹⁶ Umama wami oseNkazimulweni namhlanje, wathi, ihora ngenkathi ngizalwa, leyoNgelosi yeNkosi ingena ngefasistela yayisima phezu kombhejana lapho engangikhona. Banesithombe saKho emahhlo esayensi obuNgcweti beNkolo namhlanje. Saziwa umhlaba jikelele. UNkulunkulu wethembisa ukwenza lezizinto. Njengomfana omncane, iPhimbo lakhuluma kimi, lathi, “Ungalokothi ubheme, upilombe, noma uphuze, ungcolise umzimba wakho noma ngayiphi indlela. Kuyoba nomsebenzi wakho wokuba uwenze nxa usukhulile.” Kwangesabisa, kusobala.

⁹⁷ Yini engangiyazi ngenkolo na? Abantu bakithi, ekuqaleni, babeyiKatolika. Ngangazi kanjani noma yini ngalezizinto na? Ngangingakaze ngize ngibe sesontweni empilweni yami. Bobabili bashada ngaphandle kwesonto, ngakho bavele nje... Umama nobaba, bobabili, kwakungumIrishi, futhi ngakho nje bavele bashada ngaphandle kwesonto, futhi sasingenankolo.

⁹⁸ Sasihlala nje njengesigejane sezinja, sasibe nokuhudulwa okudadlana, njengabakhempi, siya le nale, noma ngumuphi umjondolo omncane esasingawukhokhela irenti yamadola amathathu noma amane ngenyanga. Yileyondelela esasiphila ngayo.

⁹⁹ Umfana omdadlana ongafake zichathulo, ethwele amanzi ewasa esigayweni sikagologo, ngolunye usuku; ngenkathi uNkulunkulu, ebukhosini baKhe, usaligcina iZwi laKhe, wehla ngesivunguvungu somoya wayesema lapho, wayesethi, “Ungazenzi lezizinto.” Wakusho. Sengiba yinsizwa, imibono iqala ukusabalala phezu kwamehlo ami, kumfana omncinyana. Kwangesabisa. Ngasindiswa, ngase ngijoyina ibandla leBaptisti. Ngabuza...

¹⁰⁰ Ngatshela abazalwane bami beBaptisti mayelana nokuya... Ngangingazi ukuthi ngingakubiza ngokuthini, umbono. Ngakubiza ngesiyenzi. Ngase ngihamba futhi ngasho kubazalwane bami ngalokho. Bathi, “Billy, ungazihlanganisi ngalutho nalokho. Lowo ngudeveli. Lowo ngudeveli. Ungazihlanganisi ngalutho nalokho.”

¹⁰¹ Ngobunye ubusuku, ikhempu encane lapho engangidoba khona, emuva le ezintabeni, ngangicambalele emuva lapho. Cishe ngelisithathu nqo ngokunye ukusa, ngibone ukuKhanya

kuza. Ngangikade ngisanda kufunda iBhayibheli nje. Ngacabanga ukuthi kwakungumuntu othize eza, ekukhanyisa ngembobo yeqhuzu, isiketekete noma okuthize. Kwakukude ehlane. Futhi ngacabanga ukuthi umuntu othize wayenyuka. UkuKhanya kwakukwiphansi; Kwasabalala kwaya ngokuba kukhulu ngokuba kukhulu. Ngezwa uMuntu othize ehamba. Ngenkathi Kwenza, KwakunguMuntu. Wayengafake zicathulo. Wayenezinwele ezifika emahlombe aKhe, futhi Wayefake ingubo ende. Futhi kwangethusa kwathi angife.

¹⁰² Wathi, “Ungesabi. Ngithunywe ngivela eBukhloneni beNkosi uNkulunkulu, ukuba ngikutshela lokho, impilo yakho eyinqaba. Ungazami ukusuka kulezizinto. Lolo ubizo lwakho. Futhi uNkulunkulu uzobe ekuthumela ezindaweni ezehlukene emhlabeni wonke jikelele, ukuba ukhulekele abagulayo. Futhi uma uyothola abantu ukuba bakholwe futhi ubeqotho, akukho lutho oluyoma phambi komkhuleko.”

¹⁰³ Kwangethusa kwathi angife. Impela, kwenza. Ngama lapho, futhi—futhi Wayelokhu ekhuluma. Ngathi, “Mnumzane, ngilapha ngenxa yalezoyezi nezinto ezinjengalokho.”

¹⁰⁴ Wathi, “Kuyoba nezinto ezintathu ezenzekayo. Kuqala, uyokwazi ngokuthatha isandla sakho ukuba ubambe abantu. Khona-ke kuyofezeka, emva kwalokho, uma uqotho, ukuthi uyokwazi yona impela imfihlo esenhliziyweni yabo.”

¹⁰⁵ Ngase ngithi, “Yilokho engikukhonela lapha ukukhuluma ngakho, ngabe ngangi. . . Abazalwane bami bangitshela ukuthi lokho kwakungokukadeveli. NgingumKristu. Angifuni ukuba yilutho lukadeveli.”

¹⁰⁶ Wathi, “Njengoba kwakunjalo emuva lapho, kunjalo namanje. Ngenkathi bephikisana ngokuthi hlobo luni lwezinkinobho abafanele balufake emabhantshini abo, nezinto ezinjengalokho, nabefundisi bethi uPawulu nabo ugumbuqela izwe, kwakuyini na? Kodwa kwakungu—ngumoya omubi owathi, ‘Lawa indoda ayizinceku zikaNkulunkulu, ezigumbuqela izwe.’ Ukuthi uPawulu nabo basho. Nomoya omubi wafakaza ukuthi babeyizinceku zikaNkulunkulu zangeqiniso.”

¹⁰⁷ Wangitshela, wathi, “Awukhumbuli yini, emiBhalweni, leyo yinto iNkosi yethu eyayenzayo na? Futhi yilokho Eyakwethembisa, Yathi kuyokwenzeka futhi ngezinsuku zokugcina.”

Ngacabanga, “Awu, kungaba yini lokho na?”

¹⁰⁸ Wathi, “Awu, nguMoya weNkosi uJesu. UyiZwi. Futhi Ukwethembisile lokhu ngezinsuku zokugcina. Manje ungesabi.”

¹⁰⁹ Ngehla-ke ukuyobhaphathiza isigejane sabantu emfuleni. Ngenkathi ngibhaphathiza lapho, lapho cishe abantu abayizinkulungwane ezinhlanu bemi osebeni; phakathi nemini ngqo, ngelesibili nqo ntambama; kushisa, kwase kuyiviki

noma amabili bengenayo imvula; futhi bemi osebeni. Nakhu kufika leyoNsika yoMlilo ivunguza iphuma emoyeni, yehlala lapho engangimi khona, nePhimbo lithi, “NjengoJohane umBhaphathizi wathunywa, nokwandulela ukufika kokuqala kukaKristu, uMlayezo wakho uyokwandulela ukuFika kwesiBili kukaKristu.”

¹¹⁰ Amaphephandaba ayekuqukethe, futhi kwashwibeka kwayongena eCanada kwi Associated Press, umhlaba jikelele, “Umfundisi wendawo, umfundisi wamaBaptisti, ebhaphathiza, futhi,” yathi, “ukuKhanya okuyimfihlakalo kubonakala phezu kwakhe.” Yena Lowo impela abathatha isithombe lapha, futhi bakwenze eJamane na—nasezindaweni zonke. Futhi kwenziwe.

¹¹¹ Umelusi wami wathi kimi, wathi, “Billy, nhloboni yephupho obenalo na? Ngani, uyazi awuzange ubone . . .”

Ngathi, “Kwakunamakhulu emi lapho, aKubona.”

¹¹² Futhi babehla, bathi, “O, leyo yinkohliso yengqondo.” Ezama ngawo onke amandla akhe, lowo yindoda endala u Ang’kholwa noMnu. Mnqikazi.

¹¹³ Ngabambelela ngaqonda eZwini. Ngahlala lapho, ngoba ngangazi ukuthi kwakuyisithembiso sikaNkulunkulu. Amen. ULuka isahluko 17, Wethembisa, “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma.” Njengoba ngibone izwe linqwabelana, njengoba kwakunjalo, ngazi ukuthi into ethize izofanele ifezeke. Ngibonile kuMalaki 4, lapho babezo “buyisela emuva ukuKholwa eZwini,” ababehlakazeke kukho. Ngazi ukuthi lokho kwakudingeka kufezeke, futhi ngahlala ngethembeka eZwini. Ngithola uJesu Kristu, namhlanje, “onguyena izolo, namuhla, naphakade.”

Bandla, liyana. Ngizoma khona lapha.

¹¹⁴ Ngifuna ukusho lokhu. Ngilethe bonke laba ofakazi; ubufakazi bami uqobo. Abaningi benu bangofakazi, leliviki. Leyonto iqinisile, uMlayezo. Ngingaba kanjani . . .

¹¹⁵ UDokotela Davis wathi kimi, “Umfana, imfundo yokubhala nokukhulunywa kolimi yasesikoleni, eyokhulekela amakhosi namakhosi anamandla, futhi okhele imvuselelo eyohamba umhlaba jikelele na? Billy, hlakanipha.”

¹¹⁶ Kodwa, Kwakwenza! Kwakwenza! Eminyakeni engamashumi amathathu nantathu kamuva, imvuselelo isidlulile, futhi Kwakwenza. UNkulunkulu washo njalo! Ngingufakazi waKhe. Akashongo ukuthi Wayezokwenza *nini*. Wathi Uyokwenza! Ngalingela isikhathi lapho iZwi laliyoba yilo ngempela kakhulu, lifake esandleni sami, njengoba kwakunjalo, iNkemba, futhi ibone okufihlakele ngalokho lapho yona impela imicabango enhliziyweni yomuntu. Ngacabanga, “Kungaba kanjani lokho na?” Ngalinga, ngikukholwa, futhi

kwenzeka. UMhleki ohleka usulu, uAng'kholwa, uMnqikazi, uAngibekezeli, usalokhu elindile futhi ebukela. Kodwa uNkulunkulu, emva kweminyaka engamashumi amathathu nantathu, ukuqinisele, umhlaba wonke, umhlaba wonke jikelele. Lapho amaphepha, amaphephabhuku nezindatshana kubhalwe khona, umhlaba wonke.

¹¹⁷ Wena yiba yijaji. Umqondo wakho ungabasizi bejaji. Wonke umsizi wejaji uzofanele enze isinqumo. Sengivala inkantolo. Wena yiba yijaji. Umqondo wakho ungabasizi bejaji. Nezenzo zakho kusukela emva kwalokhu, kulentambama, uma sibeka izandla phezu kwabagulayo, lokho kuzobikezela ukuthi besiyini isinqumo sakho sabasizi bejaji. Indlela owenza ngayo emva kokuba usukhulekelwe, lokho kuzosho ukuthi wenziwe ngani umqondo wakho wobuhlakani, ukuthi abasizi bejaji bomqondo wakho benziwe ngani. Lokho nje kuzosho impela, isenzo sakho emva kwalokhu.

¹¹⁸ Ngimemezela ukuthi uJesu Kristu unguyena izolo, namuhla, naphakade. Ngimemezela ukuthi akukho okungama eBukhloneni baKhe; abesilisa nabesifazane abazokukholwa. Niyakukholwa na? [Tbandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Asikhothamise amakhanda ethu.

¹¹⁹ Nkosi, Jesu, izwi nje elivela kuWe manje, lenza abantu bakholwe. Bahlezi lapha. Bengingezukukwenza lokhu, Baba. Kodwa, babezelele kakhulu, ngiyacela manje. Ungekwenze yini, ebufakazini bami uqobo na?

¹²⁰ Singafunda iBhayibheli, ofakazi balabobalingiswa, ufakazi wabangakhulwayo. Siyabona lapho abaLigxeke khona njalo. Labo umFarisi, abantu bezenkolo ngalezozinsuku, bagxeka uJesu Kristu. Kodwa kwafakazisa, WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Bathi, "UZenza uNkulunkulu." WayenguNkulunkulu. Wenza njengoNkulunkulu; Washumayela njengoNkulunkulu; Waphilisa njengoNkulunkulu; Wavuka kwabafileyo njengoNkulunkulu; Wenyukela Phezulu njengoNkulunkulu. UnguNkulunkulu. Uyeza, enguNkulunkulu. Siyakukholwa. Phakathi kwazo zonke izinkathazo, Usalokhu unguNkulunkulu. Ufakazi waKho umi qekelele, Nkosi.

¹²¹ Nginikeza ubufakazi bakho, noma ngikhulume ngalobubufakazi benye indoda. Izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane bengingazibiza, kumacala omabili; umnqikazi, ongakholwa, nendoda nje engeke yalinda isikhathi eside ngokwenele. Awuzange usho ukuthi *nini*. Wathi, "Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, uma bekhola, bayakusinda, akunandaba ukuthi sikhathi sini. Awuzange umtshale uAbrahama ukuthi ingane yayizozalwa nini. Awuzange umtshale uMose ukuthi yiluphi usuku ayezobuyisela ngalo abantu kuleyontaba. Awuzange umtshale uNowa ukuthi

yiluphi usuku eyayizona ngalo. Awuzange ubatshele noma yisiphi isikhathi esithize; kanjalo nathi Awusitshelanga.

¹²² Wathi, “Uma ukholwa! Uma uthi kulentaba, ungangabazi enhliziyweni yakho, kuyokwenzeka, okushilo. Uma ukukholwa!” Wena washo, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhulwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Nkosi, ngikubeke kwabuyela ngqo emathangeni abantu. Sekukubona.

¹²³ Ngifakazisile kubo, ngeBhayibheli, futhi sonke siyakwazi, ukuthi ukuBuyisana kuyenziwa. “Yalinyazwa ngeziphambeko zethu. Ngemivimbo yaYo siphilisiwe.” Inkathi edlule, ukuvala umlomo womnqikazi, nongakhulwayo owathi Akavukanga, nokuzama ukukwenza kube uhlobo oluthize loNkulunkulu womlando enkolweni.

¹²⁴ Nkosi, ngikhulekela ukuthi Wena uzobonakala, Yena futhi kulentambama phakathi kwethu, futhi ufakazise kulezizethameli ukuthi Wena ulapha; Lo owasho iZwi, uNkulunkulu esibe naye ekuqulisweni icala. Kimi, Uyalungisiswa, Nkosi Nkulunkulu. Uzifakazise Wena, Nkulunkulu. Zenze Wena uqobo ube nguwe ngempela kakhulu, ukuthi wonke owesilisa nowesifazane, lababantu abampofu behlezi lapha kulenqolobane evuzayo lapha, bezama ukuzwa iZwi, Lenze libe yilo ngempela kakhulu kubo, Baba. Zibonise Wena uqobo unguNkulunkulu phakathi kwethu!

¹²⁵ Ukuthi abantu babekanjani kuyoyonke iminyaka, Kufika kube uhlobo oluthize oluxakile, kubantu. Ngenkathi besolwandle ngalobobusuku, futhi—futhi Wena uza kubo, bacabanga ukuthi kwakunokuba yithongo. Babe. . . Babengazi ukuthi kwakuyini, futhi bakhala. Kodwa lelo Phimbo labuya, “YiMina.”

¹²⁶ IPhimbo lomBhalo liyakhuluma, kulentambama, ukuthi yileli ihora, yilesi isikhathi, iSodoma neGomora nazozonke lezi ezinye izinto zihlezi nje ngendlela ezazifanele sihlale ngayo. Futhi nakhu lapha Okhona, ukhombisa eNzalweni yobukhosi kaAbrahama ukuthi Uyaphila, futhi iNdodana yomuntu iyambulwa kulolusuku lwaseSodoma. Baba waseZulwini, siphe ukuthi abantu bazobona; futhi, ngenkathi beza bedlula, ukuthi bazothatha iZwi likaNkulunkulu njengoba nje kwenza uAbrahama. Akunandaba ukuthi ngenkathi ingane. . .

¹²⁷ Besingabizela uIsaya enkundleni, noIsaya ubengafakaza. Ubengathi, “INkosi yathi kimi, ‘Intombi iyokhulelwa.’” Uma ubengavuka futhi akhulume kithi kulentambama, akungabazeki ukuthi ubeyothi, “Yonke intombi engumHeberu, zonke izinsuku zami, yayibheke ukukhulelwa ngoMoya oNgewe; yonke. Kodwa Wena wakusho, wawukulobe phansi. Wangikhomba njengomprofethi waKho. Namazwi ami engawasho lasekelwa nguWe. Imibono yami yayiqinisile.

Nabantu bakukholwa, isizukulwane noma ezimbili, kwase kuthi-ke kwafiphala. Nokho, emva kweminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili, intombi yakhulelwa nengane yazalwa. IGama laYo lalingu ‘Umluleki, iNkosana yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, uYise oNgunaphakade,’ iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva.”

¹²⁸ O Nkosi Nkulunkulu, yini indaba ngalabantu, ngathi kulomhlaba namhlanje, ukuba sizibize ngeNzalo yobukhosi ka-Abrahama na? Kanti, walinda iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, ethemba futhi—futhi enokukholwa ngokumelana nokungenakwenzeka, ukubona isimangaliso senziwa, futhi Wena wasenza. Singalithatha kakhulu kangakanani-ke iZwi laKho, lapho Wena unguNkulunkulu obonakalayo ofanayo owabonakala kuAbrahama, obonakala lapha kithi usenyameni yomuntu, ngendlela efanayo Owayenza kuAbrahama! Nkulunkulu, yipha ukuthi bazokwenza, wonke umuntu, uzokubona kulentambama, futhi aphumelele. Njalo uma abantu edlula, futhi bathole izandla zibekwa phezu kwabo, kwangathi bangasuka kulendlu, bethokoza, futhi bangakubuyiseli neze emuva, kodwa bakholwe njengoAbrahama nabobonke abanye okhokho. Wena wathi kuyokwenzeka, futhi kuyokwenzeka uma bengapheli amandla. Siphe khona, eGameni likaJesu. Amen.

¹²⁹ Ngiyakholwa. Ngiyakholwa. Niyakholwa! Ngiyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu. Ngiyakholwa ukuthi Uvukile kwabafile. Ngiyakholwa Unamandla kakhulu ukwenza noma isiphi isithembiso Athembisa ukusenza. Angaligcina lonke izwi Ake alisho, futhi Uzosenzela lona lapha kulentambama uma kuphela sizokholwa.

¹³⁰ Manje, Akazange athi, “Hambani, futhi—futhi nidluthule abantu baphume ezihlalweni esinamando, futhi nithathe izehlakalo zenhliziyo futhi nenze *lokhu*.” Akakushongo lokho.

¹³¹ Wathi, “Bekani izandla kwabagulayo, futhi bayosinda.” Lawo amakholwa.

¹³² Manje, uMoya oNgwele ungufakazi waKhe ovikelayo lapha, Uyazi noma uyaLikholwa noma qha. Ungezi nje, uqagela. Thatha lokho kuqagela, futhi uthathe lelothemba, futhi uthathe lokho kokucabangela, futhi ukubeke ngaphansi kwezinyawo zakho, futhi uthi, “Nginokukholwa, ngiyazi kuzoba yikho!” Into ethize izokwenzeka.

¹³³ Nicabanga ukuthi kuyini, kimi, ngimile lapha, bangane na? Nicabangani, kimi, ngimile lapha njengoba kunjalo manje, phambi kwezithameli ngezinye izikhathi kuya ezinkulungwaneni, namakhulu ezinkulungwane, bekungenza ukuzisho ukuthi Uyaphila, noMoya waKhe wangitshela lokho, iZwi Abeyonginika lona na? UNkulunkulu ubengeza noma yini ngaphandle kokwazi ukuyisekela na? Niyabo, kwashiwo ukuthi Wayeyoyenza! Lelo yiZwi. Futhi ngime lapha phambi

kwezithameli, lapho abanqikazi, abangakholwayo, nayoyonke into ihlezi, ngamashumi ezinkulungwane; futhi nokho Abonwe, Abizelwe enkundleni.

¹³⁴ Niyakholwa ukuthi Ulapha na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile.

¹³⁵ Omunye oseduze. Hhayi abangane bami manje; uma u—uma ugula, noma ubani, bangane bami. Bangaki, khona lapha phambi kwami, owaziyo ukuthi angikwazi, phakamisani izandla zenu ka *njena?* . . . ? . . .

¹³⁶ Manje ukhona abanye phakathi lapha ongaziyo. Niyabo, ngapha, bayangazi, khona phakathi lapha. Kunjalo, akunjalo, bazalwane, nonke nina ngapho na? Niyabo? Bukani lapha. Niyabo, bayangazi.

Kodwa phakathi *lapha*, aningazi.

¹³⁷ Bangaki kulomugqa odwa lapha ongangazi, phakamisa esakho . . . Ngabe ukhona noma ubani kulemigqa emithathu lapha, khona phakathi *lapha*, ongaziyo; owaziyo ukuthi kukhona engikwaziyo ngawe, nakho konke na? Phakamisani izandla zenu.

¹³⁸ Ngabe ngiyakwazi *wena* emuva lapho na? Ngiyakwazi *wena*, mfowethu na? Angikhulwa ukuthi ungiqondile, ngoba angimazi. Akangazi. Qhabo. Awungazi, uyangazi, mnumzane na? U—u—uyangazi mina na? Uyazi ukuthi ngiyazi ukuthi yini engalungile ngawe na? Ya, ungubani na? Mhlawumbe . . . Akangiqondi, ngoba a—angiyazi indoda. Manje yini owayi . . . Uyazi ukuthi ngiyazi ukuthi yini engalungile ngawe; ngaphandle kokuba ngowomoya, ngikwazi nje njengendoda, futhi ngazi ukuthi yini engalungile ngawe na? [Umfowethu uthi, “Qhabo.”—Umhl.] Impela qhabo. Impela. Niyabo, bengingeke. Niyabo, liyana, futhi aniqondi.

¹³⁹ Kwangathi uMoya oNgewele ungasisiza manje. Kulungile, ukuqala *lesisigaba* manje-ke. Uyakholwa, phakathi *lapha*.

¹⁴⁰ Leyondoda eyodwa, manje, yona ngi—ngingahle ngisho ngingazi. Indoda ihlezi lapho, iphakamise isandla sayo, niyabo, angicabangi . . . Ayingazi. Ngiyazi ayingazi. Kodwa nje ibeka . . . ibiphakamise isandla sayo, empeleni. Angizukuyithinta, ke, niyabo. Ngi . . .

¹⁴¹ Kube *yini* nonke. INkosi ibusise. Omunye akakhuleke, phakathi *lapha*. Niyakholwa na? Nonke, niyaMkhulwa na? Ngayoyonke inhliziyoyenu, kholwani.

¹⁴² Nanti inenekazi elincane. Akengibize umuntu oyedwa nje, ngiqale ukukhuluma, ngikhulume nomunye nje; ngithole oKwakho . . . ngithole ukunyakaza kukaMoya oNgewele. Inenekazi elincane lihlezi lapho, uyangikhulwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Wena, inenekazi elincane lihlezi

khona lapha. Uyabo? Wena, kulungile, nobabili beningekuzise ikhanda lenu. Kulungile, sizoba nje nani nobabili. Kulungile.

¹⁴³ Inenekazi lapha, unqekuzise ikhanda lakho *kanje*; ugqoke ingubo ephinki. Uma uJesu Kristu engangitshela ukuthi yini inkathazo yakho, noma okuthize ngawe, uzongikhulwa ukuthi ngingumprofethi waKhe; wazi ukuthi nguYe na? Inkathazo yakho iseqolo lakho. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uyabo? Uyabo? Uyabo? Kulungile. Uyabo? Uyabo?

¹⁴⁴ Manje, wena, nenekazi elincane lapho ekugcineni, awukutholanga ngenxa yokuthi isimo sezulu besisibi. Unenkathazo yenanzi. Noma inhliziyi. . . Inkathazo yenanzi, isenanzini yakho.

Lona wesifazane ohlezi eceleni kwakho, unenkathazo yenhliziyi.

¹⁴⁵ Uma lokho kunjalo, nina besifazane nobathathu phakamisani izandla zenu. Futhi ngiyisihambi kini, niyabo.

Manje niyakholwa na? Yibani nokukholwa. Yilokho kuphela enifanele nikwenze.

¹⁴⁶ Inenekazi elincane elihlezi khona lapha, lingibuka ngqo, angikwazi. Uyisihambi kimi. Awu—awungazi. Uhlezi khona lapho, nelincane elimhlophe. . . ungibuka ngqo. Yebo, wena. Ehhe. Awungazi. Kodwa uyagula, awuguli na? Ubuthe nje ukukhathazeka kancane mayelana nento ethize. Yisigaxa ebeleni lakho. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

Manje, wena uthi, “Ubone isigaxa.” Akukho sigaxa esikhombisayo.

¹⁴⁷ Ngabe kunjalo, akukho sigaxa esikhombisayo na? Futhi angikwazi. Uyakhulwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Ngabe lokho kuzokwenza usize abanye na? Bekungazisiza izethameli na? Manje, khumbula, owesifazane uphakamise isandla sakhe. Phakamisa isandla sakho, angikwazi. Nkulunkulu ngisize. Nkk. Patterson. Kunjalo. Uyakhulwa na?

¹⁴⁸ Konje, lowo ngumamezala wakho ohlezi eceleni kwakho lapho. Uyakhulwa na? Ufuna ukukhulekelwa. Uzela leyonhloso. Uyakhulwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini indaba ngaye na? Inkathazo yakhe isemehlweni akhe nezindlebe zakhe. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kunjalo.

Uyaphila! UsenguNkulunkulu.

¹⁴⁹ Nanti inenekazi lihlezi emuva lapho, linesithuthwane. Linesithuthwane, futhi linenkathazo yabesifazane. Negama lalo nguNksz Woods. Uma lokho kunjalo, sukuma ume ngezinyawo zakho. Sukuma ume ngezinyawo zakho uma lokho kunjalo. Angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami. Udeveli ukushiye lapho, dadewethu. Akadunyiswe uNkulunkulu! “Uma ukholwa.” Kholwa nje.

150 Nanti inenekazi lihlezi khona emuva *lapha*. Libuthakathaka kakhulu. Liyagula. Lisanda kuphuma esibhedlela nje. Line—linenkathazo yesisu. Igama lalo nguNksz Kitchens. Sukuma, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyi yakho, uJesu Kristu uyakusindisa. Angikaze ngilibone empilweni yami.

151 Nanti inenekazi linenkathazo yenyongo. Uyakholwa ngayoyonke inhliziyi yakho, nawe, ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? UNkk. Whittaker, uyakholwa ngayoyonke inhliziyi yakho, uNkulunkulu uzokuphilisa na? Uma lokho kunjalo, sukuma ume ngezinyawo zakho, uma siyizihambi omunye komunye.

152 Niyakholwa ukuthi Ulapha na? [Ibandla liyathokoza futhi lithi, “Amen.”—Umhl.] Yini leyo na? Lowo ngufakazi ovikelayo kaNkulunkulu. Haleluya! O bantu, kholwani ngayo yonke inhliziyi yenu! Lowo ngufakazi ovikelayo kaNkulunkulu.

153 NiMehlulela kanjani na? Niyakholwa ukuthi Uqinisile na? Niyakholwa ukuthi iZwi laKhe liqinisile na? Wethembisa! Iviki lonke gulukunqu, ngishumayele ngakho futhi ngakubonisa eBhayibhelini, ukuthi Wayezokwenza lokhu ngalolusuku. Niyakholwa ukuthi kuyiQiniso na? Niyehlulela na? Yini ukwehlulela kwenu na? Niyakholwa na?

154 Akuthi labo abanamakhadi omkhuleko ngakuloluhlangothi *ngapha*, sukumani phakathi nesikhala sezihlalo, *ngapha*, onamakhadi omkhuleko, kulomugqa *ngapha*; sukumani phakathi nesikhala sezihlalo, *ngapha*. Labo abangakulolo hlangothi, onamakhadi omkhuleko, sukumani *kulesosikhala sezihlalo*, *ngapha*. Labo abangale ngakolunye uhlangothi, sukumani *kulesosikhala sezihlalo*.

155 Labo ophezulu ngaphezulu lapho, onamakhadi omkhuleko, yehlelani ngaphambili.

156 Labo okulomugqa *lapha*, onamakhadi omkhuleko, manini *ngapha kulolo hlangothi*. Labo *kuloluhlangothi* onamakhadi omkhuleko, yimani *ngapha kulesi isikhala sezihlalo khona lapha*. Labo onamakhadi omkhuleko, *lapha*, yimani *ngapha kulesi isikhala sezihlalo*.

157 Manje, yimani khona lapho manje. Sithola olunye uhlangothi emzuzwini nje. Bumbani umugqa wenu. Yehlani ngqo. Ngi . . .

158 Manje bambani nithule, umzuzu nje, lapho enikhona. Yimani nje lapho enikhona, umzuzu nje.

159 Bukani, bangaki abefundisi abaphakathi *lapha*, okholwayo, indoda emesaba ngempela uNkulunkulu ekholwayo ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade, ukuthi ukuthuma kwaKhe kokugcina eBandleni laKhe, kwakunguthi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhholwalo; uma bebeka izandla kwabagulayo, bayosinda”? Bangaki abenu bafundisi enikukholwayo lokho na? Uma nikwenza, wozani *lapha*

futhi nime nami khona lapha sisakhuleka. Ukuze kuthi uma lababantu bephiliswa, bezobona ukuthi bekungesuye nje uMfowethu Branham; yini, futhi. Yimani ngqo ngapha, bumbani umugqa oyidabuli khona lapha lapho umugqa uzokwedlula khona. O, he! Yini enye uNkulunkulu abengayenza na? Angazi lutho. Bukani abefundisi beza ukufakazisa lokhu. Yehlani ngqo, yenzani umugqa wenu ezansi ngalendlela lapha.

¹⁶⁰ Hhe? [Omunye uthi kuMfowethu Branham, “Angikwazi ukubagudluza.”—Umdl.] Hhe? [“Angikwazi ngisho nokubagudluzela phansi lapha.”] Lokho kulungile. Kulungile. Sizobathola.

¹⁶¹ Manje ngizoba noMfowethu Borders, imenenja, ukuba eze lapha kulemikrofonu. Futhi ngimfuna ukuba agcine umugqa uhlelekile, ukuze bezoza ngapha, bahambe babuye emuva bajikele ngapho, futhi ubuyele esihlalweni sakho, uyabo, uma uza.

Manje bonke labo abakwaziyo ukungizwa, phakamisa isandla sakho.

¹⁶² Bukani, akuthi laba, emuva phambili impela, bangene kuqala; bese beza bajikele ngapha, bese behamba bajike. Bese bededela abalandelayo. Bajike ngqo emva kwabefundisi lapha, lapho nikhulekelwa, ubuyele ngqo emuva bese uhlala phansi. Bese nidedela uBilly, uzoniqhweba nijike ngqo bese enitshela ukuthi ningene kanjani emgqeni. Futhi manje-ke kuzothi kungaphela nje lokhu, sizodedela ukuba sibamise phansi ngapho, bese beza ngalena enye indlela.

¹⁶³ Manje bonke, uyaqonda, phakamisa isandla sakho manje. Kulungile, kuhle. Manje uMfowethu uBorders uzoba khona lapho kwimakhrofonu, ukunikeza ubufakazi bokuthi nifanele nenzeni. Kulungile.

¹⁶⁴ Manje bukani. Isizathu ngenza lokhu, yingoba ngifuna niqonde. Angibazi lababazalwane lapha. Ngazi ababili noma abathathu babo. Bangahle babeyiMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian. Angibazi ukuthi bangobani. Asikho isidingo sami ukuba ngisho lokho. Niyabo? Manje, ngifuna nazi ukuthi emva kokuba sengihambile . . .

¹⁶⁵ Isikhathi esiningi kakhulu, abavangeli bangena edolobheni bese enza yonke into, niyabo, wenza ukukhulekela abagulayo nayoyonke into. Niyabo, lokho akulungile. Ngifuna ukuziqhelelanisa nalesosithombe.

¹⁶⁶ Ngifuna nibone uJesus. Kuleliviki, ngizame ngawo onke amandla ami ukunikhombisa ukuthi Ulapha. Futhi uma ninokukholwa, yelulekani nje bese niMthola, anidingi ukuba nize emgqeni. Kodwa uma nifuna ukulandela lomBhalo, uBukhona baKhe bobuNkulunkulu, nithinte ingubo yaKhe. Bukani nje, ini, lababantu bemi lapha, esikhashaneni esedlule,

uNkulunkulu eZulwini uyazi angikaze ngibabone empilweni yami. Futhi bengingaqala khona lapha, emizuzwini embalwa bengizoquleka. Bangaki owaziyo ukuthi uJesu, ngenkathi lokho kwenzeka kuYe, lowo wesifazane esebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu, waphela amandla na? Bangaki owaziyo ukuthi kwaphuma amandla kuYe, kwakungukuqina kwaKhe na? Futhi mina ngiyisoni. Kodwa uJesu wathi, “Neminingi kunalo niyakuyenza, ngokuba Mina ngiyakuBaba waMi.”

¹⁶⁷ Manje sizonikela umkhuleko. Futhi ngifuna lababafundisi nami. Ngizoma khona lapha ngithi qekelele, futhi, ngibeke izandla phezu kwawo wonke ogulayo. Futhi manje uma ni . . .

¹⁶⁸ Khumbulani! Lalelani! Kuzweni! Kukholweni! Uma ningezi nidlule, nikholwa, “Khona manje kuxazululwa kuze kube phakade,” ningezi. Kuzonenza kuphela nibe babi kakhulu. Kuzothiya ukukholwa kwenu. Kodwa uma nikholwa ukuthi niseBukhloneni bukaJesu Kristu, futhi akusithina izinceku zaKhe. Futhi kuphela siyenza, ofakazi, njengoba sibeka izandla zethu phezu kwenu, ukuthi siyakukholwa lokhu ukuthi kuyiQiniso. Futhi uma sibeka izandla phezu kwenu, kukholweni futhi niphume lapha, nithokoza, nithi, “SiyaKubonga, Nkosi! Sekuzazululwe konke.” Ningalokothi nishintshe umqondo wenu.

¹⁶⁹ Manje khumbulani. Angikucaphune lokhu futhi. Lalelisisani. Umqondo wakho ungabasizi bakho bejaji, kulelicala. Nezenzo zakho kusukela lapha kuphume, kuzoba ngukuthi, kuzomemezela ukuthi ukwahlulela kwakho kuyini. Ungena lapha bese uthi, “Awu, angazi,” uyabo, uyabona lapho oMehlulele khona. Uquliswa icala kulowo nalowo wenu. Ulapha, ebukhloneni bakho. IZwi laKhe lilapha. Uqinisekisa iZwi laKhe. Wena ulapha. Yena, Uquliswa icala kuwe, akaquliswa icala kimi. NguyaMkholwa. Uquliswa icala kuwe. Futhi uma uMkholwa, futhi uma uMehlulela ngokwethemba eZwini laKhe . . .

¹⁷⁰ Manje sebezowuqondisa nje umugqa, ngakho balokhu bewubumba, niyabo. Nje, nje ngilindile aze awuqondise. Qhubekelani phambili nje niphume bese nibumba umugqa wenu omude. Bese nibuya niqonde ngqo ngendlela eniza ngayo, uma niphuma.

¹⁷¹ Uma niMkholiwe, khona-ke into ethize izokwenzeka. Khumbulani, manje, akukho mandla nakoyedwa walababafundisi. Akukho mandla kimi. Akukho mandla kunoma yimuphi umuntu, okuphilisa. Kodwa sinegunya elivela kuNkulunkulu, ukwenza lokhu. Asinamandla; sinegunya. *Nanti* igunya lethu, iZwi likaNkulunkulu, futhi uBukhona bukaJesu Kristu buyafakazisa ukuthi Ulapha. Ini? Nifanele niphilise, nonke!

¹⁷² Manje sonke asikhothamise amakhanda ethu sisanikela umkhuleko owodwa. Futhi uMfowethu Borders uzobe emi lapha,

ehola amaculo futhi eqondisa abantu. Lapho niza nedlula manje, khulekani futhi nikholwe.

¹⁷³ Nonke buthanani, befundisi abangabafowethu. Niyabona ukuthi kungani ngenze lokhu. Lokho, uma sengihamba, ibandla lenu liyazi, nalo, lababantu abathola ukuphiliswa, uyinceku kaNkulunkulu, futhi. Akusuye oyedwa nje. UNkulunkulu akanayo nje inceku eyodwa; Unezinkulungwane zazo, wonke lowo ozoLikholwa. Asikhothamise amakhanda ethu. Ninalo kakhulu nje impela ilungelo lokukhulekela abagulayo, njengami, uRoberts, kumbe noma yimuphi omunye.

¹⁷⁴ Baba waseZulwini, ngiyaKubonga futhi, enhliziyweni yami, futhi ngazi izinhliziyi lapha. Uyalungisiswa ukubeka lokhu eZwini, ngokuba sikubonile kusebenza, futhi siyazi kuliqiniso. Futhi siyazi kuzosebenza phezu kwawo wonke umuntu. Futhi sikhuleka kuWe manje, Nkosi, sibeka izimiselo zomphefumulo wethu uqobo, ngenkathi sazi ukuthi Wena ulapha. Uphendulile. Ukhulume iZwi laKho lezwakala kithi. Wena ulapha.

¹⁷⁵ Manje kwangathi Ungasigcoba, Nkosi, ukuthi uma sesibeke izandla zethu phezu kwalababantu abagulayo, abantu abagulayo abazihluphekelayo behlezi lapha kulemvula kulentambama, kwangathi bonke bangasinda, futhi baye ekhaya futhi basinde. Kwangathi bangaba njengoAbrahama, “ubiza lezozinto ezazingekho, ngokungathi zazikhona,” ngoba uNkulunkulu wenza isithembiso. Futhi Waba nguWe owathi, “Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Awuzange uthi bayosinda ngaso lesosikhathi, kodwa Wathi bayokwenza. Futhi siyakukholwa, Nkosi. Siza wonke—wonke umuntu ukuba akukholwe, Nkosi, njengoba sinikela umhlangano esandleni saKho. EGameni likaJesu Kristu, silandela imiYalo yaKho. Amen.

¹⁷⁶ Manje umugqa womkhuleko mawuqale. Mfowethu Borders, thatha ikhadi lomkhuleko. [UMfowethu Branham nabefundisi bakhulekela wonke umuntu osemgqeni womkhuleko—Umhl.]

¹⁷⁷ [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . kholwa na? [Ibandla liyathokoza futhi lithi, “Amen.”] INkosi inibusise.

¹⁷⁸ Isizathu ngihlanganise izandla zami nani bafowethu ongumfundisi, lokho bekungoba abanye benu nonke bebegula, nabo, niyazi. Futhi uzikhiphe wena lapha ukuba ukhulekele abanye, futhi wakuyeka kanjalo. Akulungile. Ngiyakholwa, njengoba sibambe izandla zethu ndawonye, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu ukuhloniphile lokho.

¹⁷⁹ Futhi lapha, manje, lapha—lapha yilabo abangakwazanga ukufinyelela emhlanganweni; manje asikhuleke, senzele lamaduku.

¹⁸⁰ Baba waseZulwini, siyafundiswa eBhayibhelini, ukuthi—ukuthi, “Bathathe emzimbeni kaPawulu oNgcwele, amaduku

nezindwangu.” Asisuye uPawulu oNgcwele, kodwa Wena usalokhu unguJesu. Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzothumela izibusiso zaKho nalamaduku, futhi ubaphilise bonke. Ubenze basinde, Nkosi, ngenxa yenkazimulo yaKho. EGameni likaJesu Kristu, siyakhuleka futhi siyawathumela. Amen.

¹⁸¹ Ngifuna ukusho lokhu. Ukuthi, ngiza ngomugqa, ngibone abesifazane nowesilisa bephethe izingane, futhi bebemanzi. Ngikhumbuleni nje, abafowethu ongumelusi, ukuthi, amaviki kusukela manje, uyathola, kube nento enkulu eyenzeke lapha. Bazosinda. Ngithi amaphesente angamashumi ayisishiyagalolunye abo azosinda. Kunjalo. O, mina kwaku. . . Angikaze ngisizwe isimo sokukholwa esinje. Bekumangalisa ngempela. Ngiyabona ni. . . Manje yenzani nje, qhubekani futhi nenze sengathi sekwedlule, akunandaba uma ungakuzwanga. Unga. . . Akashongo neze ukuthi, “Nikuzwile na?” Wathi, “Nikukholiwe na? Nikukholiwe na?” Futhi siyakukholwa. Futhi Ulapha manje, futhi siMnika—siMnika udumo nenkazimulo, ngakho konke Akwenzile.

¹⁸² Futhi bangane abathandekayo abangamaKristu, ngiyazi bazowuvala umhlangano emizuzwini embalwa, futhi ngifuna ukusho lokhu kini. Uma ngingasophinde ngihlangane nani ngakulengxenywe yoMfula, ngiyonibona Lapho naleliVangeli elifanayo, leNto efanayo. Manje khumbulani nje, ukuthi enikwemukele kulentambama, umqondo wenu ubungabasizi benu bejaji. Bacabangisisile, benza isinqumo sabasizi bejaji.

¹⁸³ Manje qhubekani nje nenza. Anginandaba ukuthi ubukhubazekile futhi ungakwazi ukunyakaza; yiba ulokhu nje uqhubeka ukukholwa. Yena, Wathi, “Bayosinda! Bayosinda!” Yilokho ufakazi akushilo, wonke ufakazi namhlanje. Kusukela phansi le eBhayibhelini, Yena. . . ngaphandle uma Athi into ezenzekelayo iyokwenzeka. Kodwa kuloludaba, “Bayosinda,” kuyilokho ukubekwa izandla. Manje uma umbono wenzekile, futhi wathi, “lokhu kuzokwenzeka ngesikhathi esithize, isikhathi esithize,” khona-ke Ukhomba isikhathi. Kodwa kuloludaba, Wathi, “Bayosinda.” Kukholweni, ngayo yonke inhliziyu yenu. Asicule futhi.

Size sibonane! size sibonane!

UNkulunkulu. . .

Size sibonane ezinyaweni zikaJesu;

O, size sibonane! size sibonane!

UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

¹⁸⁴ Manje ngaphambi nje, asixhawulane nosesuze kwakho, uthi, “UNkulunkulu akubusise, mngane ongumKristu.” Unganyakazi. Hlala nje, xhawula uzungeze. “UNkulunkulu akubusise, mngane ongumKristu.” UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise,

mfowethu. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, Roy.

¹⁸⁵ Manje asiphakamisele izandla zethu kuKristu, futhi sicule.

Size sibonane! (Asivale amehlo ethu futhi siphakamise izandla zethu manje.) Size sibonane!

Size sibonane ezinyaweni sikaJesu!



ICALA ZUL64-0405
(A Trial)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ntambama, ngo Apreli 5, ngo 1964, e 4-H Club Barn eLouisville, Mississippi, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2018 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org